

# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenya amakhasi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagele ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Ngenisa amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlu lwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala

- Abafundi kumele bafunde itekisi ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde bethule noma "balifunde ngokuhleba" itekisi.
- Suka kumfundi uye kolandelayo, ucele umfundi ngamunye ukuba afunde isigaba setekisi kuzwakale.


## Ingxoxo


- Funda imibuzo yokuqondisisa esuselwa etekisini.
- Gxila kumafoniki, amagama abonwayo (asaziwa) namagama amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo, tshela abafundi ukuba bayifunde futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni kahle, uhlelo lolimi namagama amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo ukuvuma lokho.





Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.

UZinhle nomndeni wakhe base bethuthela  endlini entsha kwelinye idolobha.

UZinhle wayesezofunda esikoleni esisha.

Zonke izimpahla zakubo zafakwa elolini. UZinhle wagxumela elolini bahamba.

"Uthi kodwa ngiyobathola abangani abasha?" uZinhle ebuza kumama wakhe. "Yebo, uzobathola ngane yami" kusho umama wakhe.

Ngosuku lwakhe lokuqala esikoleni sakhe esisha, uZinhle wayekhathazekile. Wayengenabangani. "Ngubani ozoba ngumngani wami?" ecabanga.

"Angazi muntu," uyacabanga. "Ngizocela kanjani ukuthi umuntu abe ngumngani wami?"

Waphakamisela umama wakhe isandla. "Uhambe kahle Mama." "Ngiyethemba ukuthi ngizomthola umngani".

UZinhle waya eklasini lakhe elisha lebanga lesi-2. Wayephethwe uvalo nenhliziyo yakhe ishaya ngamandla, ithi gu, gu, gu.

Wayegqoke umfaniswano wakhe omusha, enezincwadi ezintsha, kanye nothisha omusha. Wahlala edeskini, eduze komfanyana omusha esikoleni, igama lakhe linguSandile. USandile naye wabe eneminyaka eyi-7.

"Kazi uSandile angakwazi yini ukuba ngumngani wami," kucabanga uZinhle .

Yakhala insimbi yokuya ekhefini, uSandile waphuma waqhasha eya kodlala. Yena wayesebatholilile abangani.

UZinhle  yena bandla wema wabukela ezinye izingane zidlala. Wayethanda naye ukudlala nezinye izingane kodwa wayesaba ukucela ukudlala. Akekho owaqaphela ukuthi uZinhle wayezimele yedwa.

"Nami ngifisa sengathi ngingadlala," ecabanga. "Ngizizwa nginesizungu."

Nami ngifisa sengathi ngingayodlala.



Ngosuku olulandelayo, ngesikhathi sekhefu, uZinhle  wabona uNolwazi ehlezi yedwa futhi ebukeka edangele.

UNolwazi wayedangele ngoba wayekhohlwe yisikhafutini sakhe sokudla ekhaya, manje wayelambe kakhulu. Wayebukela uJim noJabu bedla ukudla kwabo.

"Sengathi ngabe benginokudla," ekhulumela phansi.

UZinhle  wabona ukuthi uNolwazi udangele.

"Kwenzenjani, Nolwazi?" kubuza uZinhle .  "Ngabe ukhohlwe ukuphatha ukudla kwakho ekhaya?"

"Yebo,"  kuphendula uNolwazi "futhi ngilambe kakhulu."

"Ungakhathazeki, Nolwazi," kusho uZinhle , "Ngizodla nawe ukudla kwami."

UZinhle  wadla ukudla kwakhe noNolwazi.

"Mmm!" kusho uNolwazi.
"Leli samishi limnandi kakhulu!"
"Ngiyabonga Zinhle .  Ngibonga ngokunginakekela kwakho," kusho uNolwazi.

UZinhle  wabe esenomngani omusha!

Inja uPhithiza yayijabule kakhulu ngokuthi uZinhle  wayethole umngani omusha. Wakhonkotha watshikizisa umsila.

"Hhaw! Hhaw!" ekhonkotha. Zagijima izingane zayohlola ukuthi uPhithiza ukhonkothelani.

"Zinhle ! " Woza uzodlala nathi", kumemeza izingane.

Ngokushesha nje, uZinhle wabe esenabangani abaningi.

Wakujabulela ukuba sesikoleni sakhe esisha. Wayezithokozisa ngokudlala nabangani bakhe abasha. Akubanga nzima ukushintsha kwakhe isikole.

Kulula ukuthola abangani uma unomusa nesihe!



# Batholwa kanjani abangani





Kwenye inkathi kuba sengathi akulula ukuthola abangani. Yini okufanele uyenze?




- Qala wena uzisondeze. Zazise kwabanye.
- Ngenela imidlalo yesikole yantambama.





Qiniseka ukuthi uhlala uhlanzekile.









Khumbula amagama abantu.

Phana.

Yiba nomusa.





...Futhi uma unomngani omusha, thembeka, ube neqiniso, uhloniphe futhi ube qotho.





# Ukufunda ngmaqembu okuholwayo



1 Bheka izithombe.
Tshela umngani wakho ukuthi kwenzekani esithombeni ngasinye.
Shono kumngani ukuthi yisiphi isithombe okumele sibe sekuqaleni, nokumele sibe ngesesibili, nesesithathu.









2 Hlela imisho elandelayo ngokulandelana kwezigameko bese uyifundela umngani wakho.

| | |
|---|---|
| a. | Uvalelisa umama wakhe ngokuphakamisa isandla. |
| b. | UZinhle udla ukudla kwakhe noNolwazi. |
| c. | UZinhle uhlala noNolwazi. |
| d. | UNolwazi ulambe kakhulu. |
| e. | Namuhla uZinhle uthuthela endlini entsha. |



3 Lingisa le ndaba.

4 Qedela umsebenzi olandelayo.



a. Bhala phansi amagama amabili ezwakala enomsindo ofanayo nalawo owanikeziwe.

| | | | |
|---|---|---|---|
| hlala | woza | dlala | buka |

b. Bhala amagama aphikisa lawa alandelayo:

| | | | | |
|---|---|---|---|---|
| hamba | hlala | khuluma | valelisa | dangala |
| khala | lamba | ngena | vuka | |

c. Thola amagama endabeni anemisindo elandelayo bese uwabhala phansi:

| | | | |
|---|---|---|---|
| -sh | -hl | -nd | -th |

d. Thola imisho kule ndaba enezimpawu ezilandelayo bese uyibhala encwadini yokubhalela:

. , ? ! " "



5 Phendula lemibuzo:


a. Sithini isihloko sale ndaba?
b. Ngobani abalingiswa abaqavile kule ndaba?
c. Kungani uZinhle ashintsha isikole?
d. Thola igama endabeni elisho okufanayo naleli - itwetwe?

e. Wake washaywa uvalo? Uma kunjalo, kwakwenzenjani?

f. Kungani ucabanga ukuthi uNolwazi wabe enamahloni okucela ukudlala nezinye izingane?



6 Phinda udwebe uhlakalwembu encwadini yakho bese uligcwalisa.






7 Phinda ubhale le ndaba ngamagama akho imisho emine.

# Izinga loku-1 Incwadi yoku-1

| | |
|---|---|
| Isihloko: | USisi uhlangana nabangani abasha |
| Ulimi: | IsiZulu |
| Izinga: | Ibanga lesi-2 Ulimi Lwasekhaya Incwadi yokufunda Izinga loku-1 Incwadi yoku-1 |
| Uhlobo lombhalo: | Indaba |
| Amagama ajwayelekile: | umama, inja, uvalo, khonkotha, umngani, isamishi, insimbi |
| Ulwazimagama: | itwetwe, uvalo, isamishi, isihe, ideski, udangele |
| Imisindo: | ph, th, ng, sh, hl, mb |
| Okuqukethwe, imiqondo namakhono: | ▪ Ulandelanisa izithombe ngokwezigameko.<br>▪ Ulandelanisa izigameko.<br>▪ Ulingisa le ndaba.<br>▪ Ubhala phansi amagama anemisindo ezwakala ngokufanayo.<br>▪ Ubhala phansi amagama asenkathini edlule.<br>▪ Uthola amagama endabeni anemisindo elandelayo: sh, hl, nd, th<br>▪ Uthola imisho endabeni enezimpawu ezilandelayo: ongqi, okhefana, uphawu lombuzo nesibabazo.<br>▪ Ufunda bese ephendula imibuzo yokuqondisisa.<br>▪ Ugcwalisa ibalazwe lomqondo ngale ndaba.<br>▪ Ubhala indaba ngamazwi akhe. |

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini, beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo, othisha bahola abafundi abasezingeni elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamasu ehlukahlukene zokufunda nokuqondisisa okudingwa abafundi uma befunda.

Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi, naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokuqondisisa kanye neminya ehambelana nokufunda ngokuqondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

Ezinye izincwadi eShalofini Lezincwadi zeBanga lesi-2 zoLimi Lwasekhaya.

Izinga loku- 1

- UZinhle uthola abangani abasha
- Yimpilo yenja
- Idube layithola kanjani imithende?
- UJeri uyathanda ukufunda

Izinga lesi- 2

- Indlovu nomboko wayo
- Benza kanjalo abangani
- Ichwane elibi ledada

Izinga lesi- 3

- Ibhayisikili likaBheki elisha
- Izilwane ziya olwandle
- Kwasiza uMkhomomkhulu

ISBN 978-1-4315-2341-2
9 781431 523412

Rainbow WORKBOOKS

ISBN 978-1-4315-2341-2

**THIS BOOK MAY NOT BE SOLD.**

basic education
Department:
Basic Education
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

Published by the Department of Basic Education
222 Struben Street, Pretoria
South Africa

© Department of Basic Education
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

**Author: V McKay**